

# UMNQAMULAJUQU OWUKUPHELA KUKANHLABA WOKUDALULA KUKAMQASHI USUSEMOME

**PRETORIA, 24 kuNhlabo 2019** – Kukhunjuzwa abaqashi ukuthi konke ukuDalula (Inhlolosimozimali) UkuHlanganiswa kwamaBhuku oMqashi konyaka (EMP501), iziTifiketi zeNtela zeziSebenzi [IRP5/IT3(a)s] kanye, lapho kusebenza khona, nefomu lokuDalula ukuSusa isiTifiketi seNtela (EMP601) kwesikhathi esisukela mhla lu-1 kuNdasa 2018 kuya kumhla zingama-28 kuNhloланja 2019 kumele kuthunyelwe kwa-SARS mhla zingama-31 kuNhlabo 2019.

Kubalulekile ukuthi abaqashi bathumele inhlolosimozimali yonyaka ungakafiki umnqamulajuqu bese benika izisebenzi zabo izitifiketi zentela ama-IRP5/IT3(a). Lawa ngamadokhumentu ngqangi afunekayo kubakhokhinetla ukuze bathumele amaphepha abo entela ngesikhathi seNtela, esiqala mhla lu-1 kuNtulikazi 2019.

Kunezinto eziku-EMP501 okumele zihambisane ukuze ukuthumela kwakho kube yimpumelelo. Yilezi:

- Amafomu okuDalula kaMqashi anyanga zonke (EMP201) okuveza ukubanjwa kwe-Pay-As-You-Earn (PAYE), isiKhwama soMshwalelense wokungaSebenzi (UIF) kanye neLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono (SDL);
- Izinkokhelo ezenziwe (ngaphandle kwezinhlawulo kanye nezinkokhelo zenzalo);
- IziTifiketi zeNtela yesiSebenzi [IRP5/IT3(a)s] ezenziwe; kanye
- nezibalo zemiHlomulo yeNtela yokuQsha, uma ikhona kulesi sikhathi.

Ngokucela isiTatimende se-Akhawunti emva kokuthumela ngokusebenzia i-eFiling, abaqashi bayakwazi ukubona isikweletu esingakakhokhwa, amaphepha entela angakabuyisa kanjalo nezinkokhelo ezingabiwe.

Ukulalula kungathunyelwa ngokusebenzia i-e@syFile™ Employer noma i-eFiling. Uhla lwabaholelwayo olugcwaliwe ngesandla alusemukelwa. Abaqashi bayagquqquzelwa ukuba bagweme ukulinda umzuzu wokugcina ngokuthi baqinisekise ukuthi banaso isikhathi sokulungisa amaphutha, uma kunesidingo.

Amakhophi akho konke ukulalula okuthunyelwe kumele agcinwe okungenani iminyaka emihlanu.

Njengoba abakwa-SARS besebenzia ulwazi oludalulwe abaqashi ukuze basungule amaphepha okubuya intela omuntu ngamunye, izisebenzi ziyakhunjuzwa ukuba zibheke ulwazi olusezitifiketini ze-IRP5/IT3(a) kanjalo nolwazi oluthunyelwe ezitifiketini zentela ezivela kubantu besithathu abafana nezinhlelo zezokwelapha. Uma ulwazi olusemaphepheni entela lungelona iqiniso, isisebenzi kulindeleke ukuthi siye kumqashi noma kuleso sikhungo ukuze kulungiswe lolo lwazi.

Imihlangano yokucobelelana ngolwazi yokufundisa ngentela kwa-SARS mayelana nokusetshenziswa kwe-e@syFile™ kanye nokudalulwa kokuhlanganiswa kwamabhuku komqashi konyaka kuyatholakala ngaphambi kosuku olungumqamulajuqu kuwo wonke amagatsha emhlabeni jikelele. Ischeduli iyatholakala kusizindalwazi sakwa-SARS ekhasini elithi 'Useful tools\_Learn about Tax'.

Ungashayela i-SARS Contact Centre kule nbombolo 0800 00 7277 kanti imihlahlandela ngendlela yokubuya amaphepha entela ingatholakala kusizindalwazi sakwa-SARS ngaphansi kwesigaba esingaphansi kwe-Businesses and Employers.